

Ingxenye yoku-1 Isingeniso

UHlelo lokuFunda lukaZwelonke kanye nesiTatimende senQubomgomo yokuHlola (uMasingana 2011) kuthatha isikhundla sesitatimende soHlelo lokufunda kukaZwelonke samabanga R–9 (2002) kanye nesiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke samabanga 10–12 (2004). IsiTatimende seNqubomgomo yoHlelo lweziFundo nokuHlola lukaZwelonke weSigaba Esiyisisekelo seziBalo (zamabanga R–3) *iqala ukusebenza* ukusukela ngoMasingana 2012, futhi ithatha isikhundla soHlelo lokuFunda lukaZwelonke kanye nesiTatimende senQubomgomo yokuHlola, imiHlahlandlela yezinHlelo zokuFunda kanye nemiHlahlandlela yokuHlola kweziFundo ezazisetshenziswa ngaphambili.

Ithebhula loku-1: Isikhathi sokufundisa emkhakheni weSigaba Esiyisisekelo sinjengoba sikhonjisiwe kuleli thebula elingezansi

Isifundo	Ukwabiwa kwesikhathi sesonto
Izilimi (LQN noLK)	10 (11)
IziBalo	7
Amakhono Empilo:	6 (7)
• ULwazi Lokuqala	1 (2)
• Ubuciko nomsebenzi wezandla	2
• Isifundo Sokuzivocavoca	2
• Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	1

UHlelo lokuFunda lweziBalo: okuhlosiwe namakhono

Ukufunda nokufundiswa kwezibalo, njengoba kuhleliwe kusiTatimende senQubomgomo yoHlelo lweziFundo nokuHlola sikaZwelonke, kuhlose ukuthuthukisa umfundi kulokhu okulandelayo:

- ukuqwashisa ngobumqoka bokuthi busebenza kanjani ubudlelwano bezibalo ngokwenhlalo, ngokwemvelo, ngokwamasiko nangokomnotho;
- ukuzethemba nokukwazi ukubhekana nezimo ezahlukeneyezibalo ngaphandle kokungabaza nokwesaba ukwenza izibalo;
- uthando nentshisakalo yezibalo;
- ukuncoma ubuhle bezibalo;
- ukubona ukuthi izibalo ziwubuchwepheshe bomsebenzi wabantu;
- ukuba nomcabango ojulile wokuqonda izibalo; kanye
- nokuthola ulwazi namakhono aqondile adingekayo:
 - ukusetshenziswa kwezibalo ngokwenza, ngokwenhlalo nezinkinga zezibalo;
 - ukufundiswa kwezifundo ezincike ezibalweni (isib.ezinye izifundo); kanye
 - nokuqhuba ulwazi lwezibalo.

IsiTatimende senQubomgomo yoHlelo lweziFundo nokuHlola sikaZwelonke sihlele lawa makhono aqondile alandelayo okumele abafundi babe nawo ukuze bathuthukise amakhono adingekayo ezibalo:

- ukusebenzisa ulwazi olufanele lokusebenzisa ulimi lwezibalo;
- ukuthuthukisa ulimi lwezibalo nolwazi lwezinombolo, namakhono okubala nokusebenzisa izinombolo;
- ukukwazi ukulalela, ukuxhumana, ukucabanga ngokuhlelekile, kanye nokusebenzisa ulwazi lwezibalo alufundile;
- Ukukwazi ukuphenya, ukuhlaziya, ukubeka okumele ulwazi nokulihumusha;
- Ukukwazi ukufunda ukubuza nokuxazulula izinkinga zezibalo; kanye
- Ukukwazi ukwakha ngokuqwashisa ukubaluleka kwezibalo ezimweni zempilweni nasekukhuleni komfundi.

Ukuxazulula izinkinga zeziBalo neziBalo

Le ncwadi ye*Study & Master yeziBalo* ihlose ukugqugquzela ukufunda okugxile kubafundi nasemisebenzini ngokuthi baxazulule izinkinga, indlela okumele ilandelwe kulolu hlelo lokufunda.

Ukuxazulula izinkinga ingenye yezindlela engajwayelekile yokufunda nokufundisa izibalo. Abafundi bazokwazi ukwenza lokhu:

- Ukuthola umqondo wenkinga yesibalo;
- Ukuhlaziya, adale, athole abuye asebenzise izindlela zokuxazulula isibalo;
- Ukuqinisekisa kanye nokuhlaziya isisombululo esihambelana nenkinga.

Kumele wazi ukuthi ukuxazulula inkinga akufani nokuhlaziya isibalo sendaba. Isibalo sendaba singaba isibonelo sokwelula izinkinga ezivivinya ulwazi olubandakanya amacebo nezindlela ezahlukenene ezifundiwe.

Uma kuxazululwa inkinga, akuvamile ukuthi abafundi babe benolwazi lokuthi bangabhekana kanjani nezinkinga ababhekene nazo. Abafundi kumele bavele nezabo izixazululo besebenzisa izindlela ezahlukenene zokuxazulula izinkinga. Azikho izindlela zokuxazulula ongathi zingungqo zokufuna nokuthola izixazululo zezinkinga zezibalo.

Izixazululo nezindlela zokuxazulula azikho obala ezimeni zokuxazulula izininga njengoba zisobala ezibalweni zendaba. Ezibalweni zendaba kulula ukuthola ukuthi yini okumele isetshenziswe ukuxazulula inkinga yesibalo. Ukuxazulula inkinga yesibalo akusona isihloko esingafundwa. Yinqubo lapho abafundi abangasebenzisa izixazululo noma amakhono noma athile ukwenza ukubhekana nesimo. Abafundi bathola ulwazi noma incazelo entsha ngokwakhela phezu kolwazi abebenalo kulokho abakwenzayo. Abafundi abazifundi izindlela zokuxazulula izinkinga zezibalo

ngokucula imithetho noma babheke uhlu lokuzikhumbuza. Kumele uhlale njalo uqhamuka nezindlela ezintsha ezihambisana nezimo okudingeka ukuthi uxazulule izinkinga zezibalo kuzona. Ungabanika inkinga yesibalo njengomsebenzi wasekhaya, njengomsebenzi weqembu, noma wethula amatemu amasha noma ukwenze emisebenzini yokukhuluma noma wokubhala ehambisana nabo bonke abafundi ngaphandle kokubandlulula ngokobulili nangokwesiko.

Ungalibali ukuthi kubalulekile ukwazi ukuthi abantu abefani, futhi bahlangabenzana nezinkinga ezahlukenene. Lindela ukuthola abafundi besebenzisa izinhlobo ezahlukenene zokuxazulula izinkinga ababhekene nazo. Qaphela ukuthi abafundi basebenza kanjani, ubakhuthaze ukuthi baxoxe nokuphakamisa imibono yabo ngesikhathi ubabuza abafundi ngenqubekelaphambili yabo.

Ibani nengxoxo yeklasini mayelana nokwenza amaphutha, ukusebenza kahle ndawonye, izinyathelo ezisizayo ekumele uzigcine emqondweni phakathi kwesifundo, nokubaluleka kwenjabulo ihlangene nomsebenzi wezibalo. Khuluma ngezibonakalo bese ubuza abafundi imibuzo enjengokuthi: Uzizwa uphatheke kanjani uma wenze iphutha? Kungani uphatheke kanje? Chaza, ngokulinganisa, kusho ukuthini kuwena ukusebenzela umgomo usondelela.

Ukudidiyela eklasini leziBalo

Inhloso ngqangi yesikole ukuthi ibe yisikole esididiyele, lokhu okuzosiza ukuthuthukisa umphakathi odidiyele, okulapho ukwehluka kwabantu kuhlonishwa khona futhi kusetshenziswa njengethuluzi lokwakha umphakathi onqala.

Imfundo edidiyele iyinqubo lapho izingqinamba zokufunda ngempumelelo ziqashelwa bese ziyasuswa kulowo nalowo mfundi. Lokhu kuqala khona esikoleni, lapho sithola khona izakhiwo ezingenzi ukuthi abafundi abanokukhubazeka kube nzima., lapho umphathisikole, othisha, nabazali/abaxhasi besebenza ngokubambisana ukwakha izimo/isiko lesikole. Kungaba indawo lapho izinto okufundwa ngazo/abaqashwa zikhona ukusiza abafundi abanezidingo zokufunda ezehlukenene.

Kuyinto enhle ukuthi mihla namalanga uthisha akhulume ngezingxenye zezibalo ezikhuthaza ukufunda ngokubambisana kanye nokuhlonipha ukwehluka kwabantu.

Hlela imisebenzi lapho abafundi bezosebenza ngabodwa, ngababili, noma ngamaqembu ukuze ukwazi ukubhekana nezidingo ezahlukenene zabafundi bakho.

Ukubeka abafundi ngamaqembu abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda noma abafundi abasebenza ngababili kuyinto encomekayo uma inhloso yalokho kungukusiza abafundi abanezidingo zokufunda ezifanayo. Sebenzisa lolu hlobo

Iwamaqembu uma inhloso yakho kungukufundisa abafundi ngokwehluka kwamazinga abakuwona. Lokhu kusho ukuthi uma abafundi sebeqede ukwenza umsebenzi weklasi ungabanika umsebenzi abangawenza ngabodwa noma umsebenzi wokwengeza weqembu ngesikhathi wena usebenza nabanye abafundi eklasini noma uqhubeka neqembu elidinga ukuthi ugxile kulona wena ukuze liqonde lokhu okufundiwe noma liqede umsebenzi. Inhloso akukhona ukutthi lawa maqembu ahlale esebenza kanje, engahlakaziwe, kodwa ngukuthi uyise abafundi kwamanye amaqembu kuye ngezidingo kanye nenqubekelaphambili yabo.

Ukubeka abafundi ngamaqembu abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda kunobuhle bako. Lawa maqembu akhiwe ngabafundi abasuka ezindaweni ezahlukene, anobulili obehlukile, ulimi abalukhulumayo lwehlukile kanye namazinga abo okubamba izifundo awafani. Lawa maqembu anika abafundi ithuba lokufunda izinto ezintsha, aphembe izingxoxo ngezinto eziningi, bese enika abafundi ukuthi bachaze abakushoyo futhi bamukele okushiwo ngabanye. Lokhu kwandisa ukuqonda kwabo futhi. Ukufundisana kontanga, lapho abafundi ababili abanamakhono angefani besebenza ndawonye, kungaba ithuba lokuthi banothisane bodwa.

Izingxenye zolwazi lwezibalo emaBangeni aphantsi

- Emfundweni yamazinga aphantsi kunezingxenye ezinhlanu zolwazi lwezibalo:
- Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwano bezinombolo
 - Amaphethini, imisebenzi ne-aljebhra
 - Indawo nesimo (Ijiyometri)
 - Ukulinganisa
 - Ukuqokelelwa kolwazi lwezibalo

Leyo naleyo ngxenye yolwazi imayelana nokuthuthukiswa kwamakhono athile. Ithebhula elingezansi emqulwini we-CAPS (ngaphansi kwengxenye “yemiqulu” ngemuva kwalomHlahlandlela Kathisha) ibonisa lokho okugxilwe kukona kwikharikhulamu yezibalo kuwona wonke amabanga, kanjalo nezindawo okugxilwe kuzona emabangeni aphantsi.

Ingxenye ngayinye yolwazi yehlukaniswe ngezihloko. Zonke izingxenye zolwazi kumele zifundiswe njalo kuleyo naleyo themu. Bheka uhlelo lokufundisa lwamasonto wonke lapha ngezansi.

Qaphela lokhu
Encwadini *iziBalo Study & Master Ibanga 1–3* imisebenzi kuleyo naleyo ngxenye yolwazi ibekwe ngendlela yokuthi ulwazi kanye namakhono aye ngokuya ekhula, anike othisha ithuba lokubona inqubekelaphambili kanye nokubona ijubane amaqembu ahlukene eklasini akwazi ukubamba ngalo lokhu okufundiwe.

UHlelo lokuFunda lwamasonto wonke

IThemu loku-1				
Isonto	Isihloko	Umkhakha ofundwayo/iMojuli	Umsebenzi	Ikhasi
1	• Ukujwayeza kanye nokuHlola Okuyisisekelo Izikole eziningi zinezinhlelo ezinqala zokulungiselela ukuhlola ukuthola ukuthi umfundi ozoqala iBanga loku-1 unolwazi olungakanani. Kuyaphakanyiswa ke ukuthi ukwengeza kule misebenzi yokulungiselela, uhla lwemisebenzi yokubala yebanga R, inqwaba yamaculo nemilolozelo ibuyekezwe ngamasonto okuqala amabili eThemu loku-1.			
2	• Ukujwayeza kanye nokuHlola Okuyisisekelo Izikole eziningi zinezinhlelo ezinqala zokulungiselela ukuhlola ukuthola ukuthi umfundi ozoqala iBanga loku-1 unolwazi olungakanani. Kuyaphakanyiswa ke ukuthi ukwengeza kule misebenzi yokulungiselela, uhla lwemisebenzi yokubala yebanga R, inqwaba yamaculo nemilolozelo ibuyekezwe ngamasonto okuqala amabili eThemu loku-1.			
3	• Ukubala izinto ezibambekayo • Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukwazi ubuye ufunde amasimboli ezinombolo kusukela ku-0 kuya kuma-20 • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Ukwazi amaphethini ezinombolo: ukukopisha, wandise ubuye uchaze izinombolo ezilula ezilandelanayo uze ufike okungenani kuma-20	1	1	4
		1	11	14
		1	17	23
		1	27	34
		1	54	61
4	• Ukubala izinto ezibambekayo • Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukwazi nokufunda amasimboli ezinombolo kusukela e-0 kuya kuma-20 • Ukuchaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo:umugqanombolo esukela koku-1 iye koku-5 • Ukuchaza ukuhleleka kwezinto usebenzisa ulimi lwenkulumo olunjenga lolu, okungaphambili, okungemuva, okuphakathi nendawo, phakathi kwezinto • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Ukwazi amaphethini ezinombolo: ukukopisha, wandise/welule, ubuye uchaze izinombolo ezilula ezilandelanayo kuze kufike okungenani kuma-20	1	1	4
		1	11	14
		1	17	23
		1	22	28
		1	23	29
5	• Ukubala izinto ezibambekayo • Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukwazi ubuye ufunde amasimboli ezinombolo kusukela ku-0 kuya kuma-20 • Ukuqhathanisa izinombolo eziphelele/ezigcwele usebenzisa ulimi lwenkulumo olunjengalolu, kuncane kuno-, kukhulu kuno-/kungaphezulu kuka-, kungaphansi kuka • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuqhathanisa ubuye uhlele ubude, ukuphakama kanye nobubanzi bezinto ezimbili noma ngaphezulu uma ubeke enye eduze kwenye	1	2	5
		1	11	14
		1	17	23
		1	21	27
		1	27, 28	34, 35
		1	54	61
		4	17	122

IThemu loku-1				
Isonto	Isihloko	Umkhakha ofundwayo/iMojuli	Umsebenzi	Ikhasi
6	• Ukubala izinto ezibambekayo • Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukuchaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Ukulinganisa, ukale, uqhathanise, uhlele ubuye urekhode isisindo	1	3	6
		1	11, 12	14, 15
		1	23	29
		1	53	60
		1	52	59
		4	9	114
7	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukuchaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza izinombolo ezingamabhondi kuze kufike koku-5 • Ukukopisha ubuye wandise amaphethini alula usebenzisa imidwebo (Isib. ukusebenzisa imibala nezimo) • Ukuchaza ukuma kwento uma uyiqhathanisa nenye, Isib., ingaphezulu, ingaphambili, ingemuva, ikwesokunxele, ikwesokudla, ingehla, ingezansi, iseceleni	1	11, 12	14, 15
		1	20	26
		1	29, 30	36, 37
		1	54	61
		2	1	71
		3	1	87
8	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Ukukopisha ubuye wandise amaphethini alula usebenzisa imidwebo (njengokusebenzisa imibala nezimo) • Ukukhuluma ngokuhamba kwesikhathi • Ukuhlela ngokulandela izigigaba ezenzeka empilweni yakho	1	11, 12	14, 15
		1	29	36
		1	54	61
		2	1	71
		4	1	87
9	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike koku-5 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Izinombolo ezingama-odinali • Ukukopisha ubuye wandise amaphethini alula usebenzisa imidwebo (njengokusebenzisa imibala nezimo) • Ukuqoqa ubuye uhlele izinto eziphathekayo ozibona nsukuzonke	1	11, 12	14, 15
		1	27	34
		1	54	61
		1	24	30
		2	2	72
		5	1	128
10	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukuchaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike koku-5 • Amaphethini ejiyomethri: imidwebo (Isib. ukusebenzisa imibala nezimo) • Izimo nezinkomba • Ukulandela izinkomba ozinikwayo ukuhamba ekilasini – ukulandela imiyalelo ukubeka okunye eduze kokunye	1	11	14
		1	22	28
		1	55	62
		2	13	83
		3	4	90
		3	3	89

IThemu lesi-2				
Isonto	Isihloko	Umkhakha ofundwayo/iMojuli	Umsebenzi	Ikhasi
1	• Ukubala izinto ngokuphimisela nangendlela egculisayo uze ufike kuma-20 • Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kuka-0 nama-50 • Ukwazi ubuye ufunde amasimboli ezinombolo kusukela e-0 kuya kuma-50 • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike e-10 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike esi-7 • Ukukopisha, wandise ubuye uchaze izinombolo ezilula ezilandelanayo uze ufike okungenani kuma-50 • Ukudingida ubuye ubike ngezinto eziqoqiwe zahlelwa ngendlela	1	4	7
		1	12	15
		1	18	24
		1	56, 58	63, 65
		2	2	72
		5	8	135
2	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kokoku-1 nama-50 • Ukubala uye phambili ngama-10, ngoku-5 kanye nangaku-2 kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 no-50 • Ukwazi ubuye ufunde amasimboli ezinombolo kusukela e-0 kuya kuma-50 • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike e-10 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike esi-7 • Ukukwazi ukubona futhi ubize ngamagama izimo ezingama 2-D • Ukukopisha, wandise ubuye uchaze ngamagama: amaphethini alula enziwe ngemidwebo yolayini, ngezimo noma ngezinto	1	12	15
		1	11	14
		1	18	24
		1	29	36
		3	12	98
		2	2	72
3	• Bala izinto ngokuphimisela nangendlela egculisayo uze ufike kuma-20 – nikeza inani olihlawumbiselile eligculisayo lezinto ezingahlolwa ngokuthi zibalwe • Ukubala ngakunye uye emuva naphambili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi koku-1 nama-20 • Ukubala uye phambili ngama-10, ngaku-5 kanye nangaku-2 usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 no-50 • Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike e-10 • Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike esi-7 • Ukukopisha, wandise ubuye uchaze ngamagama: amaphethini alula enziwe ngemidwebo yolayini, ngezimo noma ngezinto • Ukuchaza, uhlele ubuye uqhathanise izimo ezingama 2-D	1	5	8
		1	12	15
		1	18	24
		1	31, 32	38, 39
		2	3	73
		3	14	100
4	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50 • Ukubala uye phambili ngama-10, ngoku-5 kanye nangaku-2 kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 no-50 • Ukuhlela izinombolo kusukela kwencane kuye kwenkulu ubuye uhlele izinomolo kusukela kwenkulu kuye kwencane • Ukuchaza ukuhleleka kwezinto usebenzisa ulimi lwenkulumo olunjenga lolu, okungaphambili, okungemuva, okuphakathi nendawo, phakathi • Ukuphindwa kabili kwezinombolo • Ukuqhathanisa ubuye uhlele ubungako bezinto ezinguketshezi (ivolumu) ezisezitsheni ezimbili ezibekwe eduze nesinye • Ukuxoxa ubuye ubike ngezinto eziqoqiwe zahlelwa ngendlela	1	12	15
		1	22	28
		1	24	30
		1	23	29
		1	50	57
		4	14	119
		5	3	130

IThemu lesi-2				
Isonto	Isihloko	Umkhakha ofundwayo/iMojuli	Umsebenzi	Ikhasi
5	• Ukubala izinto ngokuphimisela nangendlela egculisayo uze ufike kuma-20	1	6	9
	• Ukunikeza inani elihlawumbiselwe eligculisayo lezinto ezingahlolwa ngokubala ngokukodwa uya phambili nasemuva kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50	1	12	15
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangakubili usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50			
	• Ukuqhathanisa izinombolo eziphelele usebenzisa ulimi lwenkulumo, Isib. kuncane kuna-, kukhulu kuna-/kungaphezulu kwa-, kungaphansi kwa-	1	22	28
	• Izinombolo ezingama-odinali	1	25	32
	• Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike e-10	1	55	62
	• Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike esi-7	1	27	34
	• Ukuqhathanisa ubuye uhlele ubungako bezinto ezinguketshezi ezisezitsheni ezimbili uma zigcwalisiwe (umthamo)	4	14	119
6	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50	1	12	15
	• Ukubala uye phambili ngama-10, ngaku-5 kanye nangaku-2 kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi e-0 nama-50	1	13	17
	• Ukususa e-10	1	36	43
	• Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike esi-7	1	37	44
	• Ukusebenzisa ulimi uma ukhuluma ngokuqhathanisa ngesikhathi ulinganisa ivolumu, Isib., kungaphezulu kwa-, kungaphansi wa-	4	15	120
	• Ukuxoxa ubuye ubike ngezinto eziqoqiwe zahlelwa ngendlela	5	2	129
7	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50	1	12	15
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangaku kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50	1	13	17
	• Ukuchaza, uqhathanise ubuye uhlele izinombolo kusukela kwencane kakhulu kuye kwenkulu kakhulu ubuye uhlele izinombolo kusukela kwenkulu kakhulu kuye kwencane kakhulu usebenzisa ulimi, Isib. ingaphambili, ingemuva, iphakathi nendawo, phakathi	1	24	30
	• Ukuhlanganisa okuphindayo okugcina sekungukuphindaphinda: inombolo efanayo kuye e-10	1	44	51
	• Ukukopisha ubuye wandise amaphethini alula usebenzisa imidwebo (Isib. ukusebenzisa imibala kanye nezimo)	2	5	75
	• Ukuxoxa ubuye ubike ngezinto eziqoqiwe zahlelwa ngendlela	5	4	131
8	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili usukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50	1	12	15
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangakubili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50			
	• Ukuhlanganisa okuphindayo okugcina sekungukuphindaphinda: inombolo efanayo kufike e-10	1	45	52
	• Ukuxoxa ubuye ubike ngezinto eziqoqiwe zahlelwa ngendlela	5	5	132
	• Ukukopisha ubuye wandise amaphethini usebenzisa imidwebo (Isib. ukusebenzisa imibala nezimo)	2	4	74

IThemu lesi-2				
Isondo	Isihloko	Umkhakha ofundwayo/iMojuli	Umsebenzi	Ikhasi
9	• Ukubala ngakunye uye emuva naphambili usukula kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50	1	12	15
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangakubili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-50			
	• Ukubeka ngamaqoqo nokwabelana	1	42	49
	• Ukuhlanganisa izinombolo kuze kufike kuma-20	1	51	58
	• Ukuzejwayeza amabhondi ezinombolo kuze kufike esi-7			
	• Ukukopisha, wandise ubuye uchaze izinombolo ezilula ezilandelanayo uze ufike okungenani kuma-50	2	15, 16	85, 86
	• Ukuqoqa ubuye uhlele izinto – ukuqoqa ubuye uhlele ngendlela izinto eziphathekayo ozibona nsukuzonke	5	6	133
10	• Uyelulekwa ukuthi usebenzise isonto lokugcina lethemu ukugxilisa, ukubuyekeza, ukwelekelela nokwengeza lokho okufundiwe namakhono afundiwe ngesikhathi kufundwa ethemini. • Phinda futhi uqhube ukuhlola imisebenzi yokukhulunywayo, yokwenziwayo kanye neyokubhalwayo kubafundi amasadinga ukunakwa kunabanye.			

IThemu lesi-3				
Isonto	Isihloko	Umkhakha ofundwayo/iMojuli	Umsebenzi	Ikhasi
1	• Ukubala izinto ngokuphimisela nangendlela egculisayo uze ufike kuma-40 – nikeza inani olihlawumbiselile eligculisayo lezinto ezingahlolwa ngokuthi zibalwe	1	7	10
	• Ukubala ngakunye ukuya phambili nasemuva kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-80	1	13	17
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangakubili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-80	1	51	58
	• Ukuphinda kabili nokuhhafula zinombolo	1	43	50
	• Ukubeka ngamaqoqo nokwabelana	1		
	• Ukukwazi ukubona futhi ubize ngamagama izimo ezingama-3-D ezisekilasini noma ezithombeni – izimo ezingamabhola (izimbulunga), izimo ezingamabhokisi (amaphrizimu)	3	6	92
	• Ukuhamba kwesikhathi – izigigaba ezejwayelekile ezenzeka ezimpilweni zabo	4	2	107
2	• Ukubala ngakunye ukuya phambili nasemuva kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-80	1	13	17
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangakubili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-80			
	• Ukuchaza, ukuhlela nokuqhathanisa izinombolo eziphelele kuye ngobuncane kuna-, kukhulu kuna-/kungaphezulu kwa-, kungaphansi kwa, kulingana na-	1	23, 24	29, 30
	• Ukukopisha, wandise ubuye uchaze ngamagama: – amaphethini alula akhiwe ngezinto ezibambekayo – amaphethini alula akhiwe ngemidwebo yemigqa, izimo noma izinto	2	4	74
	• Indawo nezinkomba: ukulandela izinkomba ozinikwayo ukuhamba ekilasini – ukulandela imiyalelo yokubeka okunye eduze kokunye	3	5	91
3	• Ukubala izinto ngokuphimisela nangendlela egculisayo uze ufike kuma-40 – nikeza inani olihlawumbiselile eligculisayo lezinto ezingahlolwa ngokuthi zibalwe	1	8	11
	• Ukubala ngakunye ukuya phambili nasemuva kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-80			
	• Ukubala uye phambili ngamashumi, nganhlanu kanye nangakubili kusukela kunoma iyiphi inombolo ephakathi kwe-0 nama-80	1	13	17
	• Ukukopisha, wandise ubuye uchaze izinombolo ezilula ezilandelanayo uze ufike okungenani kuma-80	2	14	84
	• Ukuchaza, uhlele ubuye uqhathanise izinto ezingama-3-D ngobungako nombala	3	8	94
	• Ukwazi ukusho isikhathi: ukuchaza ukuthi into ethile yenzeke nini usebenzisa amagama anjengalawa: Isib. ekuseni, ntambama, ebusuku, ngesikhathi, sekudlule isikhathi	4	5	110